www.xtrapapers.com

*TRANSCRIPT*

***INTRO:***

This is the Cambridge International Examinations International General Certificate of Secondary Education in isiZulu as a Second Language.

Syllabus 0531, November 2016, Paper 2: Listening.

There are instructions about how to answer the questions above each item on the question paper.

Dictionaries are not permitted.

Before each recorded item is played, time is allowed for reading the instructions and studying the questions. All items are heard twice. You may take notes and write your answers at any time during the test.

The number of marks is given in brackets at the end of each question or part question.

A signal is used to introduce each item.

**PAUSE 00’10’’**

www.xtrapapers.com



***Izwi lowesilisa:***

**Umsebenzi 1**

Uzolalela inkulumo emayelana nabantu abaqala ukufunda sebebadala.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eliseceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi **siliqiniso** noma **singamanga.**

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

**Pause 01'00"**

***Signal: bell**

***Izwi lowesifazane:***

UMohammund Modimo wayejwayele ukuhlala ekilasini eduze kwabantwana ababengaba seminyakeni elingana neyabazukulu bakhe, lokhu okungubufakazela ukuthi imfundo ayikhulelwa, ayinaminyak, ifanele noma ngubani. Washona ngonyaka ka-2015 futhi kwakucatshwangwa ukuthi wayengumfundi omdala kunabo bonke abafundi elandweni waseNigeria. Umndeni wakhe uthi uma uchaza, wayeneminyaka engama-94 ngenkathi eshona.

UModimo akakwazanga ukungena esikoleni esengumfana ngenxa yokuthi umsebenzi wakhe wawumgcina ematasatasa ngoba wawudinga ukuthi ahambe yonke indawo. Kodwa ekugcineni wabhalisela ukungena esikoleni samabanga aphansi eseneminyaka engaphezu kwengama- 80 ubudala. Waphasa isivivinyo sokwamukelwa esikoleni samabanga aphezulu, ubesanda kuqala ukufunda kulesi sikole esisedolobheni eliseNyakatho yeNigeria, elaziwa ngeKano.

Uthisha wakhe obemfundisa, UMnumzane Ibrahim, uthi uma echaza uModimo, uthi "unjengomuntu okhululekile futhi onamancoko ohlezi ethokozile." Uthi futhi wayenephupho lapho ayezibona khona eya eNyunivesithi.

**Pause 00'10"**

Ngokuka-Ibrahim, uModimo wayephapheme ekilasini futhi ebuza nemibuzo lapho engaqondi, kwakuphakathi kokuthi ubuza uthisha noma umfundi ahlezi eduze kwakhe.

www.xtrapapers.com



UModimo akayedwa: Kulo nyaka kubikwe ukuthi uPriscill Sitienei, osengukhulukhulwane nowayengumbelethisi eKenya, esebhalisele ukufunda esikoleni samabanga aphansi eseneminyaka engama-90!

iThe Guinness Book of World Records ibhale okungesilo iqiniso uma ithi kukhona omunye onguNgan'ga Maruge njengomuntu omdala owaqala ukufunda esemdala esikoleni samabanga aphansi. Wayeneminyaka engama-84 washona emva kweminyaka emihlanu emva kwalokho. uMaruge wayeyisosha leMau Mau empini yenkululerko bebheke naMaNgisi. Ngenkathi uhulumeni waseKenya ememezela imfundo yamahhala kubo bonke abantu ngonyaka ka 2000, waqonda esikoleni sangakubo waphoqa ukuthi afundiswe ngenkathi ukufunda. Indaba yekha yaphendulwa ifilimu ebizwa ngokuthi, The First Grader.**

<u>**Pause 00'05"**</u>

***Izwi lowesilisa:***

Uzoyizwa okwesibili le nkulumo.

<u>**Repeat from * to ****</u>
<u>**Pause 00'25''**</u>

www.xtrapapers.com



***Izwi lowesilisa:***

**Umsebenzi 2**

Lalela ingxoxo noMakhandakhanda weBhuquza Show.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni nempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, uA, B, C noma uD.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

**<u>Pause 01’00”</u>**

***<u>Signal: bell</u>**

***Izwi lowesifazane:***

Wakufikela kanjani umbono walombikso wakho iBhuquza Show?

***Izwi lowesilisa:***

Sasibukela imibukiso ehlekisa ngabantu kudlalwa ngabo yasehlabeni won ke, sase sithatha isinqumo sokuziqalela okwethu ngoba sifuna ukubona ukuthi abantu baseNingizimu Afrika bazokwamukela kanjani uma sidlala ngabo ngendlela efanayo. Yize kukhona abantu baseNingizimu Afrika abasikopelayo benza njengathi selokhu saqala, kodwa umbukiso wethu ungowokoqala walolu hlobo kulelo zwe lethu. Wumbukiso onikeza abantu baseNingizimu Afrika ithuba lokuba bazihleke bona uqobo.

***Izwi lowesifazane:***

Yikupho okujabulela kakhulu ngalombukiso weBhuquza Show?

***Izwi lowesilisa:***

Kuyangijabulisa uma sesicashile Kanye namakhamera ethu sesiwacuphile, silindele lowo muntu esimfunayo ukuba angene bese sikususa lokho engalindele! Siyabathelekela, sibazingele. Kuba nogqozi nelukuluku lokwazi ukuthi sizomthola lo muntu esimfunayo.

***Izwi lowesifazane:***

Yikuphi ukuhlekisa ngomuntu esenikwenzile okuthanda kakhulu?

***Izwi lowesilisa:***

www.xtrapapers.com



Umbukiso wokuhlekisa esawenza kuSuzy ongemethuli wezinhlelo zom sakazo wawuhlekisa kakhulu. Sabeka amasosha ethu senza ibrayi/sosa inyama ngaphandle kwesaluni yakhe yokwenza izinzipho eRosebank. Intuthu yangena ngaphakathi esaluni ngesikhathi amaklayenti akhe esaqhubeka nokwenza izinzipho. Wamane wahlanya ukuthukuthela. Saphinde sadlala ngomethuli wezimhlelo zikamabonakude uuThabani Duma ngenkathi eqopha uhlelo lwakhe bukhoma. Iqembu lethu langena ekamelweni lapho kukhona iteleprompter sadlala sizungeza umbhalo ayewufunda. Akeve eqeqeshekile emsebenzini wakhe. Wamane waqhub eka nokufunda umb halo wakhe ngaphandle kokuphazamiseka nokushintsha ebusweni. Kwaba sengathi akonakele lutho. Ngangihluleka ukuzibamba ngendlela engangihleka ngayo, noDuma akakwazanga ukuzibamba wahleka engaqedi emva kohlelo lwakhe. Kodwa ngathokozela ukudlala ngoSuzy kakhulu.

***Izwi lowesifazane:***

Ukuthola kanjani okumele uhlekise ngakho kulo mbukiso wakho?

***Izwi lowesilisa:***

Ngingumqondisi ongumqambi wezinto, okuchaza ukuthi yimi okumele ngiqhamuke nemibono okwakhelwa phezu kwayo ukuze kwenziwe umbukiso. Uma sengiwucabangile umbono, ngibonisana neqembu lami sifake amaphuzu athe xaxa kuwo. Sivame ukuhlala sizun geze itafula, umuntu ngamunye asho ukuthi yena ufisa kudlalwe ngobani futhi kanjani. Amasosha asebenza ngemibukiso yokuhlekisa eqondiswe kubantu abajwayelekile. Bese kuthi mina ngibhekane naleyo eqondiswe kubantu abangosaziwayo, abadumile ngoba ngifuna esikuhlelile kuyimfihlo kulabo abasondelene nosaziwayo.

**<u>Pause 00’10”</u>**

***Izwi lowesifazane:***

Kukhona yini abanye babantu esenike nahlekisa ngabo abaninikeza inkinga?

***Izwi lowesilisa:***

Yebo, bakhona. Kwesinye isikhathi kuye kufuneke ukuba sibaleke masinyane ngangokusemndleni ethu. Sizama ngakho konke okusemandleni ukugwema lezi zimo ezinjalo kodwa ziyingxenye ehambisana nomsebenzi. Kodwa abantu baseNingizimu Afrika abasibo abantu abanodlame. Yebo, Siyadinwa uma singakutholi esikufunayo kodwa sehlisa umoya.

***Izwi lowesifazane:***

www.xtrapapers.com



Usanda kuvela kuReality Show. Ngakube kukhona ushintsho olulethwe yilokhu impilweni yakho?

***Izwi lowesilisa:***

Abantu manje bacabanga ukuthi bayangazi. Abantu engingabazi bamane baqonde kimi bangibuze ukuthi izingane zami ziyaphila na. Lokhu kuyacasula impela.

***Izwi lowesifazane:***

Uke ukucabange nje ukulingisa kwiSitcom?

www.xtrapapers.com



***Izwi lowesilisa:***

Ngiyawathanda amaSitcom abantu baseNingizimu Afrika kodwa Ngeke mina ngivele ngisho kweyodwa yawo ngoba angisiye umlingisi. Senginqabe izicelo eziningi ezingimemela kuwo lamaSitcom. Ngisiza kuphela emkhakheni wokuziqambela ngingaveli, njengokubhala okuzokwenziwa ngabalingisi kuSitcom. Yilokho kuphela engikuthnandayo.

***Izwi lowesifazane:***

Siyabonga Mnumzane Ngcobodwane.**

**Pause 00'10"**

***Izwi lowesilisa:***

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

**Repeat from * to ****
**PAUSE 00'25''**

www.xtrapapers.com



***Izwi lowesifazane:***

**Umsebenzi 3**

Lalela inkulumo mpendulwano emsakazweni noCarla Thomas osiza abantu abalambile endaweni yangakubo.

Gcwalisa amanothi alahlekile ezikhaleni **ngesiZulu.**

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

**Pause 01'00"**

*** Signal: Bell**

***Izwi lowesilisa:***

Ngiyanibingelela balaleli emakhaya, lona ngumethuli wezindaba uSihle Kotane, ngikhuluma bukhoma ngiku-Oak Street, lapho amakhulu abahlali beshaye ulayini belindele ukudla kwamahala abakuthola nsuku zonke ngaphandle kwekhishi lika-Carla. Carla luhamba kanjani ihlelo lokuphakela abantu?

***Izwi lowesifazane:***

Uhlelo lwasemgwaqweni lokuphakela abantu ngokudla lunikeza ukudla kubantu abangenamakhaya, abadala, izingane ezihlala emgwaqweni, abafelokazi ngisho nezephulamthetho imbala. Alukhethi bala lamuntu. Okubalulekile kakhulu ngukuthi sisize labo abaswele, noma bangobani. Ngikuthola kunzima ukucabanga ukuthi ukudla abathola Kanye ngelanga yilokhu abakuthola lapha kithina.

***Izwi lowesilisa:***

Bangaki abantu abeza lapha ngosuku?

***Izwi lowesifazane:***

Sithola abantu abaphakathi kuka kwabanga-300 kuya kwabangama-400 bezinhlanga zonke abaphuma ngaphansi kwezimo ezahlukene. Abanye babo bamane babekise indawo kulayini babuye kamuva. Sivula kusukela ngehora lokuqala ntambama. Kuqala ukuba bhizi ngezikhathi zehora lesibili ntambama. Kodwa isikhathi lapho kubhizi ngempela kungehora lesine ntambama bese sivala ngo 6 ntambama.

***Izwi lowesilisa:***

www.xtrapapers.com



Uyakuthenga loku kudla ophana ngakho?

***Izwi lowesifazane:***

Lutho, noma ngifisa ngeke ngikwazi. Sithembele kakhulu eminikelweni eqhamuka ezitolo ezinkulu amasuphamakethe kanjalo nakwabamabhizinisi amancane. Ngesikhathi siqala loluhlelo eminyakeni emine neyadlula, sasigcina kwesinye isikhathi sesikuthenge thina okunye kokudla. Sagcina sibonile ukuthi ngeke sikwazi ukuqhubeka ngale ndlela.

***Izwi lowesilisa:***

Lisebenza kanjani lolu hlelo lwenu lokuphakela? Ngabe amasuphamakethe aletha ukudla okuyizinsalela kini?

***Izwi lowesifazane:***

Cha, ngesizathu esisobala sokuthi abahlezi benokudla abanganikela ngakho ngaso sonke isikhathi. Uma benakho, okuyinto eyenzeka ngokuvamile, bangishayela ucingo bathi angize ngizokulanda esitolo sabo.

***Izwi lowesilisa:***

Yikuphi abakutholayo bona ngokwenza lokhu?

***Izwi lowesifazane:***

Ngicabanga ukuthi amasuphamakethe awafuni ukudla okusekusha kuchithwe. Bancamela ukuba kunikezwe abantu abakudingayo kunokuba kulahlwe. Kodwa futhi bafuna ukuzihlanganisa negama elihle lomuntu abasebenza naye bazi futhi ukuthi lokho kudla kusetshenziswa lapho kunesidingo khona. Lokho akubuzwa nakubuzwa.

<u>**Pause 00’10”**</u>

***Izwi lowesilisa:***

Kukhona omunye umsebenzi owenzayo, ngaphandle kwalona wokuzinikela?

***Izwi lowesifazane:***

Cha, umsebenzi wami wokuzinikela lapha, uthatha isikhathi sami esiningi ukuthi ngisengakwazi ukwenza okunye. Umyeni wami usebenza njengomgcinimabhuku, yileyo mali akwazi ukusondla ngayo ekhaya. Uphinde futhi abe ngumnikazi wendawo yokuhlalisa abaqashile. Yiyo futhi ephinde isilethele imali. Uyangesekela kakhulu kwengikwenzayo, lokhu kunginika ithuba lokusekela abanye abantu.

***Izwi lowesilisa:***

www.xtrapapers.com



Ngicela ungitshele ngezinye zezinkinga noma izingqinamba enibhekene nazo kulolu hlelo.

***Izwi lowesifazane:***

Sinezikhalazo muva nje ezivela kulabo abavame ukuzodla lapha, ukuthi abanye babantu abasanda kufika bayangenelela kulayini, baphushe ukuze babe phambi kwabanye. Kwafanela ukuthi sibafundise ukuthi akusiyo indlela eyamukelekile yokuziphatha. Manje sebeyazi ukuthi kumele balinde ithuba labo lize lifike.

***Izwi lowesilisa:***

Yini ekunikeze ugqozi lokuthi uqale lolu hlelo lokuphakela abantu?

***Izwi lowesifazane:***

Zimbili nje kuphela. Uthando enginalo lwabantu kanye nokholo lwami.

***Izwi lowesilisa:***

Kukhona umlayezo wokuphetha ongafisa ukuwudlulisela kubalaleli laphaya phandle ngaphambi kokuba sibuyele esitudiyo?

***Izwi lowesifazane:***

Angifuni mali futhi angizuyamukela imali engukheshi jnoma amasheke. Kodwa uma kukhona ukudla onganikela ngakho, woza ungishayele ucingo ngizoza ngizokulanda.**

**<u>Pause 00’05”</u>**

***Izwi lowesilisa:***

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

**Repeat from * to ****
**Pause 00’25’’**

www.xtrapapers.com



***Izwi lowesilisa:***

**Umsebenzi 4**

Lalela ingxoxo noThulani Zamisa, ongumlimi wamastrawberry esiFundazweni saKwaZulu- Nali bese uphendula imibuzo **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

**<u>Pause 01’30’’</u>**

**<u>*Signal: bell</u>**

***Izwi lowesifazane:***

Ake usitshele kafushane ngawe. Bewuvele ukufuna ukuba ngumlimi?

***Izwi lowesilisa:***

Kulungile, ngingumfana oqhamuka edolobheni laseThekwini. Ngithole iziqu zeMaster’s kwezokuphathwa kwezimali khona. Umthetho wami ngangifuna ukuba ngumeluleki wezezimali. Uthando lokuba ngumlimi yinto engifikela kamuva nje.

***Izwi lowesifazane:***

Ababaningi abalimi bamastrawbery abaphumelelayo ngasoGwini oluseNyakatho yeTheku….

***Izwi lowesilisa:***

Isinqumo sasukela emva kweminyaka yophenyo (research), ukusebenza kanzima nokuhela okusezingeni eliphezulu. Ngenze izifundo zegreehouse farming eminyakeni emininingi eyadlula. Angizange ngizithandisise kahle lezi zifundo kodwa zangenza ngacabanga ngezinye izindlela zokulima. Ngabuyela emuva kuProfessor wami ngamcela ukuba angisize ngehlelo lomsebenzi phecelezi (business plan).

***Izwi lowesifazane:***

Kwenzakalani emva kwalokho?

***Izwi lowesilisa:***

www.xtrapapers.com



Inkosikazi yami name sasebenzisa yonke imali esasiyibekile ukuthenga indawo. Indawo esakwazi ukuyithenga yayingenkulu kakhulu ukuthi singatshala izitshalo ezifana nomoba, ukujba nendawo encane kwachaza ukuthi kumele isitshalo sethu kumele kube ngesezinga eliphezulu. Okwalandela lapho kwaba wucwaningo olunzulu. Sibhekene nesikhumulo sezindiza, nezimakethe kanjalo nesimo sezulu. Sagcina sibona ukuthi sasinamathuba amabili kuphela-izimbali Kanye namaberry. Saqala isigaba sesibili socwaningo- sasihamba. Saya eMpumalanga Afrika ukuyobona amasimi wezimbali zamarosi, savakashela eHolland nase Belgium siyobona amastrawberry. Saphetha ngokuthi abaseKenya bakhiqiza amarozi ezinga eliphezulu ngentengo ephansi esingeke thina sikwazi ukukwenza. Kanti ngamastrawberry, sizophepha ngoba ukuncintisa kuncane.

***Izwi lowesifazane:***

Ngakube abantu babecabanga ukuthi ungaba ngumlimi?

***Izwi lowesilisa:***

Akusiye wonke umuntu owayengethemba ngokuphelele. Safuna umhlaba sinomunye umlimi, uMnu Nel, owathi amastrawberry akasoze amile ezindaweni ezisogwini oluseNyakatho eKZN, wathi isimo sezulu sakhona sishisa kakhulu. Awazukhula kabi kuphela, kodwa awazukhula sampela mpela. Kodwa  ucwaningo lona lwalusho okunye okuhlukile futhi amastrawberry awazi ukuthi azobe esoGwini oluseNyakatho.

**Pause 00’10”**

***Izwi lowesifazane:***

Ngabe impumelelo yeza kalula?

***Izwi lowesilisa:***

Lutho okwangempela. Alukho uhlobo locwaningo obelungangitshela lokho engikufundiswe umsebenzi. Abanye abalimi baseluleka bathi kufuneka sizinike iminyaka emithathu ukuya kwemihlanu ukuze sijwayele ukwenzeka kwezinto. Kumele uphile futhi udle futhi uphinde ubuyisele imali ebolekiwe ebhange, kodwa bathi uma ukwazi ukuqhubeka kuleso sikhathi uzoba yingxenye engango 2% abagcina amafamu abo iminyaka. Sesisonyakeni wesithathu manje futhi liya ngokuqhubeka liba yimpumelelo, liba ngcono. Onyakeni wokuqala, iningi lesitshalo sadayiswa sisesincane ukuze kwenziwe ijusi ngoba sasingenalwazi ulwazi olwanele lokukhiqiza amastrawberry asezingeni eliphezulu futhi elanele. kodwa  manje wonke amastrawberry ethu adayiswa esevuthwe ngokwanele ukuthi eseyizithelo ezinhle.

***Izwi lowesifazane:***

www.xtrapapers.com



Injani impilo lapha uma uyiqhathanisa neyasedolobheni elikhulu?

***Izwi lowesilisa:***

Asilikhumbuli idolobha Kanye nempilo ephezulu yezwe. Siqashe abantu abaphakathi kwabangama-75 kuya kwabayi-100 ngezinkathi ezahlukene zonyaka. Nomphakathi wakule ndawo uyasamukela futhi uyasesekela. Ngesikhathi sithenga lo mhlaba kwakungekho lutho, ngisho ugesi, nomgwaqo wetiyela, nedamu imbala. Sasebenzisa imali engangamamiliyoni angamashumi amabili futhi kwaqala izinto ezintsha. Kwathinta imizwa yethu kakhulu ngesikhathi izitshalo zethu zingena emhlabathini endaweni ayayingamakhilomitha angama-48 eyayisisele. Angikhathali kwakunzima kanganani, kodwa uma uhamba ephakathi kwensimu ntambama kakhulu, kuthule, sekuyoshona ilanga, uzizwela ubumnandi nokweneliseka kube ngumzuzu oyisimangaliso.**

**<u>Pause 00’05”</u>**

***Izwi lowesilisa:***

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

**<u>Repeat from * to **</u>**
**<u>Pause 00’30’’</u>**

***Izwi lowesilisa:***

Kuphela lapha ukuhlolwa.

***E:***
This is the end of the examination.